**UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG**
**UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**ISIZULU ULIMI LWESIBILI**
**IZINGA ELIPHEZULU**
**(Iphepha Lokuqala)**

**FEB / MAR 2006**

**ISIKHATHI: 2 Amahora**

**IMIKLOMELO: 80**

---

**IMIYALO:**

- Leli phepha linezigaba ezintathu A,B no-C.
- Phendula yonke imibuzo ngesiZulu esihle.
- Landela imiyalo ekuleso naleso sigaba.
- Ohlolwayo kumele abhale ngobunono.

---

ISIGABA A

**UMBUZO 1**

Isivivinyo sokuqondisisa

Funda lesi siqephu bese uphendula imibuzo elandelayo:

**Isiqephu A**

Yimi lona osenje! Ubugebengu abukhokheli. Baqinisile uma bethi, impilo inzima, lithatha osemsamo limbeke emnyango lithathe osemnyango limbeke emsamo. Ngikhumbula izinsuku ezindala kuseyimi. Ngangidla izambane likapondo. Ngingahlalwa mpukane. Ngiyisoka lamanyala. Kungena iziphalaphala zezintombi lapha kimi. Ngangingababheki abantukazana. Baqinisile uma bethi, umuntu umuntu ngabantu, isihlahla asinyelwa. Manje ngifuna usizo kubo labo bantu.

Izicathulo zami zazifakwa upholishi bese ukhishwa, zaziba ubucwebecwebe ongacishe uzibuke kubo. Umzimba wami wawuqholwa ngamakha akudonsa uza kude. Izingubo engangizigqoka zazibiza. Nganginyathela umhlaba ngathi ngiyawenyanya, ngizizwa. Ababengazi babethi "Hawu! iyanyathela insizwa yakwaMntungwa." Ngishayela unyanyavu lwemoto. Ngangiphila ngoku-oda noma ngidle emahotela aphambili, ngihlala emahotela aphezulu.

Muva nje sengisaba nokuzibuka esibukweni ngoba utshwala sebudle bazishiyela. Sengiphuza noma yibuphi. Izinwele sekwaba ngamayoyosana anqamula phezu kwezindlebe. Isikhumba siyacwebezela phezulu. Ujojwana lwentshebe lubovana. Sengaba manxebanxeba, kanti amehlo asaphelele yini ngoba sengaba yindlobho. Ayisaphathwa eyomzinjana wami ohamba nomoya, sekusele ugebhezi lwekhandakazi.

Akasekho onginakile, angiseyiso isikhulu. Angisenayo nendawo yokufihla ikhanda. Sengilala emaphayiphini, ngingusikhotheni, ngiphila ngokudla engikuthola emigqomeni kadoti. Sengibona kungcono uma ngihlala lapha ngoba uma ngivela emphakathini izingane zikhala ubuqanduqandu. Sengaba yinto yokuthusa izingane.
Uma zikhala kuthiwa nangu uMntungwa uzokuluma; ingane ivele yesabe ithule.

Angisakhulumi ngezicathulo angisakwazi nokunyathela kahle ngoba zingibhekile. Uma nginyathela ungaqinisa ukuthi kunyathela umdodovu wekhehla. Ngiyazisa ngemikhuba yemali kanye notshwala!

Sengibona kungcono ukuboshwa ngiye ejele ngoba khona kunendawo yokulala futhi uthola nokudla. Uma kufika iveni yamaphoyisa sivumbuka siziphonsele evenini sixolele ukuboshwa.

1.1 Khetha impendulo eyiyo kulezi ezingezansi. Bhala isimboli kuphela.

1.1.1 Kule ndaba amagama athi: “Yimi lona osenje” akhomba ukuthi uKhumalo:

A. ujabulile ngesimo akuso.
B. udla ubhedu.
C. uphatheke kabi ngesimo akuso. (1)

1.1.2 Ukudla izambane likapondo kusho:

A. ukuba nemali.
B. ukudla amazambane njalo.
C. ukuhlupheka. (1)

1.1.3 Ukuba manxebanxeba ukuthi:

A. usekhulile.
B. usemuhle.
C. usenezingozi. (1)

1.1.4 Isikhulu umuntu:

A. ohlonishwayo.
B. omncane.
C. omkhulu ngomzimba. (1)

1.1.5 Ugebhezi lwekhanda ikhanda:

A. elincane.
B. elikhulu.
C. elihle. (1)

1.2 Ngonjani umuntu okuthiwa.

1.2.1 akahlalwa mpukane? (1)

1.2.2 isoka lamanyala? (1)

1.2.3 isiphalaphala? (1)

1.3. Kuchazani lokhu okulandelayo:

1.3.1 utshwala budle bazishiyela. (2)

1.3.2 umuntu ngumuntu ngabantu. (2)

1.4. Ngubani isibongo somxoxi? (1)

1.5. Yini lena ayethi yayicwebezela ungakwazi ngisho nokuzibuka kuyo? (1)

1.6. Khetha amazwi asendatshaneni engenhla afakazela lokhu kule ndaba:

1.6.1 Umfo kakhumalo wagcina eneso elilodwa. (1)

1.6.2 Wayeshayela imoto enhle. (1)

1.6.3 Wagcina engenayo indawo yokuhlala. (1)

1.6.4 UKhumalo wayengakaze aziphekele. (1)

1.7 Phendula ngo-YEBO noma CHA.

1.7.1 UMntungwa wayenendlu kanokusho. (1)

1.7.2 Wayeseyinto yokuthusa izingane. (1)

1.7.3 Umuntukazane umuntu oyisigwili. (1)

1.8 1.8.1 UMntungwa wayebona kungcono ukuya ejele. Yikuphi okubili okubaliwe athi uyokuthola ejele? (2)


1.9 Chaza ngempilo nenhlalo kaKhumalo ngesikhathi esengasenamali. (2)

1.10 Emva kokuthi uMntungwa esengenayo imali wayekuthathaphi ukudla ? (1)

**Isiqephu B**

Funda le khathuni bese uphendula imibuzo elandelayo:

Ukungahlanzeki nokunganakekeli izindawo esihlala kuzo kubanga isifo sohudo (ikholera). Onalesi sifo ubonakala ngokuhlanza nokuhuda. Angangcina ngokufa.



1.11 Yini ebanga isifo sohudo? (1)

1.12 Umuntu onalesi sifo simbona ngani? Bhala okubili. (2)

1.13 Iyiphi ingozi engaba khona kumuntu ohlala nalesi sifo angatholi usizo? (1)

1.14 Kungani kufuneka ubilise amanzi ngaphambi kokuthi uwaphuze? (1)

1.15 Yini okufanele ukwenze uma uphuma endlini encane? (1)

1.16 Kunombolo 1 esithombeni yini okubi okwenziwa yintombazana? (1)

1.17 Kunombolo 9 kungani umntwana eyiswa emtholampilo noma esibhedlela? (2)
**[9]**

**IMIKLOMELO YESIGABA A: [35]**

ISIGABA B

**UMBUZO 2**
**UKUFINGQA**

Funda lesi siqephu esilandelayo bese usifingqa ngamaphuzu alishumi kuphela, uqoqe wonke umongo wendaba.

Kusadliwa ngoludala ingane kwakuyingane ihlonipha, iwazisa amasiko esintu. Umuntu omdala wayehlonishwa. Esikhathini samanje wonke umuntu udidekile. Awusekho umehluko phakathi komuntu omdala nengane encane. Abazali abasazi ukuthi bazifundiseni izingane zabo, uma uthi uyayiyala noma uyikhuza unecala asazi noma kungenxa yamalungelo azo yini. Yeka impucuko.

Abanye abazali basaba izingane zabo, benze okungalungile phambi kwezingane. Abanye abazali bayizigebengu bazifundisani izingane zabo. Uthola abazali bethengela ingane amathoyisi ezibhamu bese bebuka amafilmu anobugebengu bathathe loko bathi kuhle ngoba nabazali babo bayizigebengu. Kukhona namanye amafilimu afana ne*Yizo Yizo* ne *Gaz'lami* alahla amasiko esintu.

Liphi ikusasa lezingane zethu? Izingane zifunda izinto ezingalungile. IsiZulu sithi libunjwa liseva kodwa akulula lokho esikhathini samanje. Abanye obaba uma bebona izingane ezincane babona abafazi, bayazihlukumeza bazidlwengule. Le ngane edlwengulwayo kufanele ifunde kuye lowo muntu. Buphi ubuntu uma zingafundi kithina bantu abadala.Imiphakathi yethu izothwala kanzima uma abadala bengabi yisibonelo esihle. Izingane kufanele zifundiswe ngenhlonipho nangokuhlonipha abanye abantu, zibekezelele abanye abantu, zifundiswe nangokuzakha nokuzenzela.

Izingane kufanele zazise amagugu namasiko azo. Kukhona abazali abathengisa ngemizimba yabo bathi abasebenzi bondla imindeni yabo ngayo le mali.Uzoyifundisani ingane yakho ngoba izothi yindlela yokwenza imali, izokuthatha ithi yinto elungile. Abanye abazali bathengisa ngezingane zabo ngoba bafuna ukondliwa yileyo ndoda, ingane iganiswa isencane. Abanye abazali baganisa ingane ngoba bafuna ukuba nelinye isoka ingane izomphazamisa, umzali athande isoka ukudlula ingane yakhe ayizele alahle ingane ngenxa yesoka.

**IMIKLOMELO YESIGABA B: [10]**

ISIGABA C

**UMBUZO 3**

Lungisa amagama akubakaki ukuze kuvele izimpambosi ezilandelayo: Impambosi yokwenzela, yokwenzana, yokwenzisa neyokwenziwa. Bhala inombolo negama kuphela.

Ngomsebenzi wabayeni amadoda 3.1 (ahlinza) nenkomo bese 3.2 (kwaba) izitho zayo, 3.3 Intombi (yakha) abantu bakubo ubuhlobo obuhle uma ilotsholwa. Iyabalalela abantu basemzini uma 3.4 (beyifunda) ngemisebenzi okufanele iyenze. (4)

**UMBUZO 4**

Funda lesi siqeshana esilandelayo bese ufaka izivumelwano ezifanele. Bhala inombolo negama kuphela.

4.1-------ningi ukudla lapha kwaSibeko. USibeko ukhulisa indodana 4.2------khe. Uhlabe izinkukhu 4.3--------khulu 4.4-------hlophe kanye nezikhukhukazi 4.5-------thathu. 4.6---------hle umsebenzi walo mfana kwenziwe notshwala 4.7------sintu. (7)

**UMBUZO 5**

Lungisa amagama akubakaki ukuze imisho izwakale. Bhala inombolo negama kuphela.

Ubaba ohlakaniphile 5.1 (uondla) izingane zakhe. Uvuka ekuseni ayosebenzela izingane zakhe, akabi isigqila 5.2 (saubuthongo). Ubuthongo 5.3 (naubuvila) abukhokheli. Umsebenzi 5.4 (wainkosikazi) ukubheka ikhaya 5.5 (laayo) (5)

## UMBUZO 6

Funda le ndatshana bese uphendula imibuzo elandelayo

> Impilo yinto endala futhi eyenzeka nsuku zonke. Namhlanje sengifundile ukuthi kanti impumelelo yalesi sikole esidume kangaka ikuphi. Imfundo iba nomfundisi nomfundi. Umfundisi ungumuntu oyaziyo indlela ngoba useke wayihamba. Umfundi ufanele ukubambelela, alandele umfundisi, uma ungathi uthisha alandele umfundi, umuntu ongayazi indlela, kungaba yini isiphetho. Bangaphonseka eweni, lokhu kungenzeka lapho abafundi bona sebefuna ukuhola. Lapha esikoleni othisha bahola abafundi babafundisa ukuthi lokhu ungakubhala kanjani. Yizinto abazohlangana nazo empilweni. Umfundi ongakwazi akakalungi, ngakho -ke ayihambe le ndlela elukhuni yempilo.

6.1 Guqula amabizo adwetshelwe abe yizenzo. (5)

6.2 Hlobo luni lwezabizwana lezi ezilandelayo:

6.2.1 Le?
6.2.2 Zonke?
6.2.3 Bona? (3)

6.3 Tomula izingcezu zenkulumo ezilandelayo kulesi siqephu esingenhla:

6.3.1 Isihlanganiso
6.3.2 Isiphawulo. (2)

## UMBUZO 7

Buka umfanekiso ngamunye, bese ubhala imisho emihlanu eyahlukene ngokuqukethwe yilowo nalowo mfanekiso.Imisho yakho ibe SENKATHINI YAMANJE.

7.1



7.2




7.3



7.4



7.5



(5)

**UMBUZO 8**

Lungisa isiqeshana esilandelayo ngokufaka izenzukuthi ezikhaleni. Bhala phansi isiqeshana esiphelele. Khetha kuzenzukuthi onikwe zona.

Du,muklu,thushu,nke

Kuthe lapho sisahleli ekhaya sidla ukudla kwakusihlwa 8.1-------- izigebengu. Lwasithi 8.2------ uvalo. Sathula 8.3--------- wathi ubaba uyakhuluma 8.4-------- ngesibhakela bathatha konke okwakusendlini bashaya bachitha. (4)

**IMIKLOMELO YESIGABA C: [35]**

**IMIKLOMELO ISIYONKE: 80**

**ISIPHETHO**